Publication: Isolezwe (KZN)
Date: 04 Apr 2017
Page: 2

IZIZWE ihloniphekile ingwazi yomculi weJazz, uHugh Masekela, ngesikhathi iNyuvesi yaKwaZulu-Natal izolo imethwesa iziqu zobudokotela emculweni Isithombe: DOCTOR NGCOBO

Sekwaba yikwampunzi edla emini ezweni: Masekela

NOKUBONGWA PHENYANE

UMCULI weJazz wakuleli owahlala iminyaka ewu-30 ekudingisweni, uBra Hugh Masekela, uchaze elakuleli njengezwe eselifana nakwampunzi edla emini ngendlela izinto ezenzeka ngayo.

Uthi ukube kuya ngaye ngabe konke kuqalwa phansi, kugcinwe izethembiso abantu abathenjiswa zona belwela inkululeko.

UHugh uthe konke abakulwela ngesikhathi sobandlululo sekufana nomdlalo ngoba konke kumapeketwane.

Ukusho lokhu kade ethweswa iziqu zobudokotela emculweni, yiNyuvesi yaKwazulu-Natal (UKZN) ekhempasini yaseWestville, eThekwini.

Ebuzwa ngesimo sepolitiki, ubuholi obukhona nemibhikisho eyahlukene kuhlanganise neyabafundi emanyuvesi, uthe isimo sibi, uyazwelana nabantu baseNingizimu Afrika.

"Ngizoyigoqa ngamazwi amafishane yonke le mibuzo yenu, "Oh shame". Izinto eziningi zidinga ushintsho kuleli. Konke lokhu okwenzekayo manje asikulwelanga. Kukhona abantu abalwa abanye bafa befela inkululeko kodwa kunezinxushunxushu ezweni."

Kukhona asebebukhohliwe ubunzima obake babakhona, indlela abaphethe ngayo iyadumaza.

"Kukhona izinto esazithenjiswa ngesikhathi silwela inkululeko, uMandela ayefuna zenzeke kodwa namanje azikabonakali."

Ebonga iziqu uthe ukuhlonishwa ngeziqu zobudokotela akuyona into ongayicosha phansi ngakho uzizwa ehloniphekile.

"Ngiyabonga kakhulu eNyuvesi yaKwaZulu-

This material has been copied under a DALRO licence and is not for resale or retransmission